# *UKUNGAKHOLWA AKUMVIMBELI UNKULUNKULU*

Ngiyabonga kakhulu, Mfowethu. INkosi ikubusise.

2 Niyazi, kulotshiwe eZwini, "Ngajabula lapho bethi kithi, 'Asihambe siye endlini yeNkosi.'" A-hha. Niyabo. Lendawo ethandekayo, isimo sendawo esithandekayo, umelusi othandekayo, nekhwaya yakhe, ibandla elihle kakhulu, angiboni ukuthi kungani, kube khona noma yini eshodayo kulokhu ukusa kukho konke esikudingayo.

3 Impela ngiyalithakasela leloculo, *UNkulunkulu Wenele*. Akukuhle lokho na? Bacule kamnandi kakhulu na—namaphimbo abo ahlukaniselwe, ngiyakuthanda lokho. Ngithanda into engeyangempela, engenakho noma yikuphi, niyazi, okufakiwe. Awu ha-. . . Ngiyakuthanda ukucula okumnandi, kodwa a—angikwazi nje ukumela iphimbo eliqeqeshwe ngokweqile, niyazi, niyazi, ngi . . . balibambe baze babe luhlaza sasibhakabhaka ebusweni futhi, niyazi, nohlobo oluthile lokuhonqa, noma ukunswininiza, noma okuthize, futhi—futhi, lokho akusikho ukucula. Ngi—ngiyakuthanda ukucula kanjalo, ngempela nje, ngokusuka enhliziyweni ngqo, okuhle, ukucula kwePentecostal okuyimfashini endala.

4 Mfowethu Fred Sothmann, wena ulapha ndawondawo na? Omunye wabaphatheli bami. Qalaza kulendawo, lena yindlela engingathanda ukuba ibandla lethu lakhiwe ngayo ekhaya, nawo onke lamakamelo kaSonto sikole nezinto emuva lapha kanjalo. Ngiyakuthanda lokho—lokho . . . Ngenyuka esikhashaneni esedlule ngikuqaphelile. Sise, kuqhubekeni nokwakha indlu yokukhonzela entsha, futhi ngi—ngiyakuthanda lokhu, ngiyawathanda lawo mabhentshi kanokusho, amaragi ngendlela alungiswe ngayo, kuhle. Futhi angikusho lokho ngokuncoma kakhulu njengoba nginjalo, ngikhuluma iqiniso nje. Ngi—ngiyakuthanda lokho, ngivele nje, ngiyakuthanda.

5 Ngicabanga ukuthi kulapha lapho ebengifanele ngibe khona kuqala, ngileyithi ngezinsuku eziyishumi nje; yimi lowo, ngokwejwayelekile ngileyithi. Futhi, kodwa izinto ezimbili engizifundile kulokhu ukusa, ukuthi leli liyi, elinye lamaBandla kaNkulunkulu avela eCleveland, eTennessee. Labobantu bebeyisibusiso kimi umhlaba jikelele.

6 Ngiyakhumbula okunye ukungqubuzana esasinakho no . . . ngenkathi siqala ukwazana, lapha eminyakeni ethile edlule, UMfowethu Gordon Lindsay, ohambisana ne-Assemblies of

God, wangithumela enhla eChattanooga, futhi wathi babezoba nomhlangano lapho futhi babenehholo elikhulukazi.

7 Ngakho-ke ngathumela uMfowethu Baxter, owayekhulumela mina ngalesosikhathi, ukuya eChattanooga, futhi wabuye wangibiza, wathi, "Mfowethu Branham, sinehholo elikhulu lapha, lihlalisa abantu abangamakhulu angamashumi ayisithupha-nanhlanu, sinendlu yokukhonzela eyodwa ekuxhasweni, futhi yindlu yokukhonzela encane ekamelweni elingaphansi, ekamelweni elingaphansi, cishe nje cishe amashumi amathathu-nanhlanu ebulungwini." Wathi, "Kungukuthi. . .lokho kuhle," kodwa wathi, "yilokho kuphela ekuxhasweni."

8 Ngase ngithi, "Awu, ngizovuka kusasa," ngase ngindiza ngangena. Futhi ngokusa okulandelayo ngaba nenhlanhla yokukhuluma eKholiji iLee, lelo ngelinye lamakholiji amakhulu, futhi, o, umgwamanda wabafundi omuhle kangako owawunjalo. Futhi ngobusuku obulandelayo ngenkathi bengena babehlehlile emgwaqeni, nje abakwazanga ngisho nokuthola indawo yokuhlala phansi noma kuphi. Bangisiza ngempela ngalesosikhathi, lonke lelohholo elikhulu, nebandla elilodwa elincanyana ekuxhaseni, futhi onke ahlangana ndawonye, futhi ngempela saba nesikhathi esimnandi kakhulu.

9 Futhi lokho kwakungukuxhumana kwami kokuqala ngqo nekomkhulu leThe Church of God. Ngiyalithanda lelogama, The Church of God. Ngi—ngiyakuthanda lokho ngegama, futhi ngiyabathakasela kakhulu impela.

10 Niyazi, ngiqagele, uMfowethu David Littlefield. Futhi ungumngane wami omkhulu wesifuba, ufika endlini yami ngaso sonke isikhathi, sinenhlanganyelo omunye nomunye phezulu lapho. Futhi nje wakha ibandla elisha futhi ngaba nenhlanhla yokulinikela eNkosini, maduze nje.

11 Futhi ngakho, siyajabula ukuba lapha namhlanje, kulesisimo sendawo esihle sokukhonza. Futhi ngithakasela kakhulu u—ukuthamela kwalamabandla selokhu sibe sedolobheni, nakuyo yonke iMaricopa Valley, inhlanganyelo emangalisayo kanjalo.

12 Ngasho ngoluny'usuku ukuthi ngicabanga ukuthi igama *phoenix* lisho ukuthi, "into ethize ephume ezeni." Manje, lokho kungahle kube isisho esingalungile, kodwa ngicabanga ukuthi leyo yinto ethize ngakulolohlelo, ukuthi lelidolobha lakhiwa o—ogwadule lapha, khona nje maphakathi nogwadule, ngakho lavuka enxushunxushwini.

13 Futhi eminyakeni embalwa edlule ngingena edolobheni, eminyakeni ethize eyishumi noma eyishumi nanhlanu eyedlula, namabandla ayethi ukuxabana wodwa. Ubungeke uthole neze. . .Bathi, "Awu, uma *leli*qembu lizokwenza ubambiswano, siphumile." Niyabo? Futhi ngakho. . .Kodwa manje ngithola

ukuthi kukhona enye i-*phoenix* evukile, ubuzalwane obunjalo benhlanganyelo phakathi kwabazalwane, onke amabandla ndawonye. Ngiyaqaphela ubusuku nobusuku ezindaweni, ukuthi kanjani i. . .

14 Manje, kuthi ukuba nzima kumfowethu oyigugu lapha, ngoba lokhu kungeSonto ekuseni ukuba lapha. Futhi—futhi ngi. . .besihlala njalo sithi wonke umuntu ufanele abe semsebenzini wabo abawumiselwe ngeSonto ekuseni. Ngicabanga ukuthi noma nini lapho unenkonzo, ibandla lakho uqobo lifanele libe ngelakho, lowo ngowakho—lowo ngumbheki wakho, leyo yindawo yakho lapho ofanele uhlale khona, futhi bengihlala njalo ngicabanga lokho.

15 Emikhankasweni yami ngivamise ukuyivala ngokuthi. . . ngeSonto ntambama, ukuze kuthi, ngeSonto yinkonzo yantambama, ukuze kungawakhathazi amabandla angeSonto, bese-ke uthumela zonke izithunywa ezivela ezweni lonke zingene emabandleni ehlukene ukuba zibambisane. Leyo yinhlanganyelo ndawonye, ngiyakuthanda lokho.

16 Futhi manje, namhlanje, ukuba lapha, nokujabulela lesisikhathi senhlanganyelo, ngaphambi nje kokuba ngiye ekuvaleni kokugcina kwengxenye yami, ngokwazi kwami, enkonzweni yeFull Gospel Business Men. Futhi siyethemba, sikholwa, ukuthi uNkulunkulu uzohlangana nathi kulentambama laphaya, futhi asisize ukuba silethe okuthile okuzoba *yindlalifa*, ngoba abahlezi phakathi kwalabobantu ngama-Episcopalian, amaKatolika, amaLuthela, nabanye. Futhi siyethemba ukuthi mhlawumbe uNkulunkulu uzokwehla nje e, ngenye indlela ezo—ezongenisa abaningi.

Ngingathanda ukusho lokhu khona manje, angikaze ngizizwe ngisekhaya kakhulu empilweni yami, ngakho, ngimi lapha nje, ngakho. . .

17 Nike naqaphela enhlanganyelweni yabazalwane beFull Gospel Business Men, ukuthi ba—bangenisa, kubonakala sengathi, njengezwe lenkolo yobukristu, iEpiscopalian, iPresbyterian, niyakubona u—ukulamba na? NeChurch of Christ, amakhulu abo ahlangane izolo ebusuku eDallas ukufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, labo olwe nami lonke izwe ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, nani bazalwane. Lapho. . .Futhi manje niyabo, ngiyakholwa nokho, selokhu baqale ukubona inhlanganyelo yethu, ukuhlangana kwethu, noNkulunkulu enathi, akukho lutho abangalusho olumelene nakho, ngoba kuyenzeka nje, yilokho kuphela. Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuyamangalisa.

18 Kodwa manje eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, bonke labo abakuKristu, ngingathanda ukwenza lesisitatimende esincane: Niliqondile ihora na? Kunabantu abaningi kakhulu, lapho ungena phakathi kwamadoda alungile kanjalo, nabantu

ukuthi, abavela emabandleni ehlukene, abekho ngokomoya ngokwenele ukubamba ukwehlukanisa kwakho. Niyabo? Abakutholi, bayathanda ukuhleka, futhi badumise iNkosi, futhi bamemeze ngokujabula kweNkosi, lokho kuhle, kodwa ukwehla futhi uthole ukuthi lokho kuvelaphi, niyabo, wehle futhi uqonde ukuthi lokho kusho ukuthini! Yonke into ibekwe ngokuhlelekile kuNkulunkulu, Usesikhathini ngqo.

19 Ngesinye isikhathi ngangishumayela ngendaba ethi *UMyalo Weshumi nanye-. . .*, noma, *U—UMbusiso Okhohlwakele*, kwakuyikho. Esahlukweni 11 sikaMathewu, ivesi 6, kwasho ukuthi uJohane wathuma abafundi bakhe ngale ukuba bathole, babuze uJesu ukuthi ngabe WayenguMesiya ngempela noma qha. Futhi uJesu akazange anike uJohane incwadi yokuthi aziphathe kanjani ebandl-. . ., noma, ukuthi aziphathe kanjani ejele, noma—noma kanjalonjalo, Wavele wathi nje, "Hlalani ize iphele inkonzo, bese kuthi-ke, khona-ke nizenzele isinqumo senu uqobo." Niyabo?

20 Ngakho izinto zenzekile, ngakho wabuyela emuva ngaphesheya kwegquma njengoba benza, futhi Uqala ukuthi, "Naphuma ukuyobona bani na? Naphuma ukuyobonani na? Umuntu owembethe ezinothonotho na?" Wathi, "Ba, izigodlo zenkosi. Naya ukuyobona umprofethi na?" Wathi, "Odlula umprofethi." Futhi Uqala u—ukudumisa uJohane, emva kokuba uJohane eMnike i, into ephansi kunazo zonke ayengayenza, cishe impela into embi kunazo zonke ayengayenza, washo ngoJesu kwakungukuMbuza emva kokuba eseMethulile. Kwase kuthi-ke uJesu, ejika ngqo, futhi wazi ukuthi uJohane wayengumoya ka-Eliya impela . . .

21 Bobabili baphuma beqhumisa ngamandla nje onke, futhi—futhi besika, futhi bededela amabhizela awele lapho ayefuna khona. Futhi manje-ke niqaphelile na? Masinya emva kwenkonzo ka-Eliya nalowoJezebeli, nabo bonke abantu bazama ukuzifanisa naye nakho konke (Ufanele ukuthi waminyana kanjani futhi wasika leloVangeli phakathi lapho ngalolosuku!), kwase kuthi ekugcineni emva kokuba esefakazisile uNkulunkulu, ukuthi, kwakunguNkulunkulu, uNkulunkulu uyehla futhi waqinisekisa ukuthi WayenguNkulunkulu, khona-ke waba nokuphazamiseka kwemizwa. Waphuma, wahlala ngaphansi konwele, futhi wayefuna ukufa, futhi—futhi wakhulekela ukuba uNkulunkulu athathe impilo yakhe, futhi izinsuku ezingamashumi amane nobusuku wayephandle lapho ehlane ezulazula, noNkulunkulu wamthola edonswe emgedeni ndawo ndawo.

22 Nimqaphelile uJohane eza ngendlela efanayo na? Qaphelani ukuthi ufika kanjani na? Indlela efanayo nje, ukusika, nokudebeza, no—nokuthi, "Akuvunyelwe ukuba ube nomkamfowenu," futhi—futhi lowo ekugcineni wanqunywa ikhanda lakhe. Futhi ngenkathi bemphosa etilongweni, kwathi

nje esefakazisile uNkulunkulu futhi wethula, wayesethi, "Lona nguMesiya."

23 Ngiyakukholwa, kwi *Early Ages* kaPember, noma omunye wababhali abakhulu, washo ukuthi uJohane…Bonke abaprofethi bayizinkozi, kusobala, bafanele bakhuphukele phezulu ukuze babone kude le. Futhi wathi iso lakhe lokhozi labhajwa ngale kulelotilongo. Kodwa okwakuyikho, wayengumfanekiso impela ka-Eliya, niyabo, wayefanele abe nalesosimo sokuzanyazanyiswa.

24 Khona-ke siyabona namhlanje. Niyaqonda yini ukuthi yonke leminyaka esiyilwele lenkonzo, ngalombhaphathizo kaMoya oNgcwele, izibusiso zePentecostal nezinto… Kuyadabukisa njengoba sibuka ibandla lethu futhi sibona ukuthi abaningi babo ba—bayawa. Kodwa, nokho, phakathi kwalokho, sibuka phandle lapha futhi sithola amehlo ethu…

25 Cabanga ngezwe lenkolo yobukristu lingena, amaPresbyterian namaLuthela, kodwa phendula lokho manje, uma unokubona okufihlakeleyo kokomoya futhi ubuke ihora, kukhombisa ukuthi silapha, lona impela ihora lapho intombi elele ifika ukuzothatha amaFutha futhi yaphuma ukuyoWathenga, lokho kungenkathi kufika uMyeni. Niyabo, niyabo, niyabo, niyabo?

26 Lapho ubona amaMethodisti, namaBaptisti, nePresbyterian, kanjalonjalo, befuna uMoya oNgcwele, qaphelani, lelo yihora. Ngenkathi intombi elele iqala ukufika, futhi bathi, "Sipheni kwawenu amaFutha":

Wathi, "Manje, hamba uWathole ngendlela efanayo, lapho esiWathole khona."

27 Futhi ngenkathi beWafuna, kwakungalelohora impela uMyeni afika ngalo noMlobokazi wangeniswa, futhi bashiywa ngaphandle, lapho okwakukhona khona ukukhala, ukulila, nokugedla amazinyo. Ngiyazibuza uma abantu bami bePentecostal benamehlo abo evulekile kokunjalo, ukuqonda ukuthi siso—onqenqemeni ngqo lokubonakala kwaKhe, noma ngasiphi isikhathi nje, akukho okunye okusele.

28 Sisanda kwedlula nje *ImiNyaka yeBandla eyisiKhombisa* ekhaya, nazo zonke lezozinto, futhi ngaphansi kokuphefumulelwa kukaMoya oNgcwele ubona unyaka ngamunye, nokuthi Lazehlukanisa kanjani, futhi kwehlele kuloNyaka weBandla laseLawodikeya, futhi sibone uKristu ekhishwa ebandleni laKhe uQobo futhi ame emnyango engqongqotha, ezama ukubuyela ebandleni laKhe uQobo, futhi sibona impela uMlayezo, nokuthi yini eyayizophuma ngalolosuku, nokuthi intombi elele iyoziphatha kanjani, nazo zonke lezizinto nalokho, futhi sikubone, yonke into ikahle isimi ngomumo, khona manje, lokho nje uHlwitho belungafika

noma ngasiphi isikhathi, kunjalo. Ngijabula kakhulu. “Bonke abathanda ukubonakala kwaKhe!”

29 Omunye wathi ngolunye usuku, wathi, “Mfowethu Branham, wesabisa abantu.”

Ngathi, “Uchaza ukuthini na?”

Wathi, “Awu, uthi uJesu angahle afike noma ngasiphi isikhathi.”

Ngathi, “UngumKristu na?”

“Yebo, kodwa, he, mningi umsebenzi okufanele wenziwe.”

30 Ngathi, “Umzuzu nje,” ngathi, “isehlakalo esikhulu kunazo zonke esingake senzeke, lokho kuxhuxhumisa inhliziyo yami ngaphezu kwanoma yini enye, ukwazi ukubonakala kukaJesu Kristu.” Kunjalo. Ngani, lokhu okufayo kuyokwembatha ukungafi, ukuguga kuyoqathaka kukho. Ngi—ngizo. . . Ngani, sizo—sizokwenziwa ngomfanekiso weNdodana kaNkulunkulu, futhi sizoYibona njengoba Injalo, futhi nge. . . Asisayikubakhona isikhala sesikhathi.

31 NePhakade! Ngani, ini. . .? He, bekungaba khona okungalungile ngokwengqondo kumuntu obengakuthandi ukubonakala kwaKhe, okungukuthi, uma ukahle ukuba, uma owakho—uma umphefumulo wakho ukahle, ungukulangazelela.

32 Ungathini nje indoda ikude nomkayo iminyaka, othandekayo, unkosikazi onomoya omuhle futhi azi noma ngamuphi umzuzu ukuthi uzovela futhi naye uzombona na? Futhi o, ngani, konke ukulindela kwakhe kuhlezi ngqo ekumboneni khona manjalo, niyabo, embhekile nje ukuba abonakale noma ngasiphi isikhathi.

33 Noma intombazane, isoka layo selihambile, balungiselela ukushada. Uthi nje angafika nje, bazoshada. Ngani, o, he, ukuthi useyilungiselele kanjani yonke into! He, nalokho. . . Ngani, akukho lutho ezweni olusho utho kuye kodwa lowomfana nje ebonakala, yilokho kuphela. Awu, yileyondlela iBandla elifanele libe yiyo. Ya. Sifanele nje sithande ukubonakala kwaKhe. Kunjalo. . .

34 UPawulu wathi, “Kukhona umqhele engibekelwe wona, ukuthi iNkosi, uMahluleli olungileyo, uzonginika ngaloloSuku,” hhayi kuye kuphela, “kodwa bonke aba*thanda* ukubonakala kwaKhe.” Ngi—ngikuthanda kakhulu lokho.

35 Awu, bukani lapha, mina, into kuphela, ngiya*phuza* kakhulu ukuqala bese kuthi-ke isikhathi *eside* kakhulu ukuba ngime, futhi ngijabula kakhulu ukuthi nonke niyakholelwa emseni, futhi ni—futhi niyangibekezelela. Manje, ngeke sithathe kodwa nje isikhathi esifishane, futhi uku. . . lapha nebandla.

36 Futhi ngi—ngifisa ukuthi uma bekungesikho nje ukukhuluma nani futhi ngethembisa ukuthi ngibe nakho,

ngingathanda nje ukuzwa lelikhwaya elincane licula sonke isikhathi, ne—ne—nebandla phandle lapho lifakaza ngenkazimulo kaNkulunkulu, nalokho obekwenzeka phakathi kwenu. O, lokho bekungaba kuhle kakhulu. Bengiyovele nje—bengizovele nje ngikuxazulule khona lapho ngalokho, ukubona lokho kwenzeka.

37 Niyazi, thina befundisi izikhathi eziningi, noma ikakhulukazi abavangeli, njalo siya esontweni futhi sifanele nje siqhubeke sishumayela, sishumayela, sishumayela, asitholi neze ukuhlala phansi futhi sothe uMlilo ebandleni, niyazi, nje sakhe i . . . niyazi, futhi . . .

38 Njengoba besho ukuthi iPhentekoste manje liyinto ethize, abaningi babantu bathi kwakuyinto ethize *eyayikhona*, futhi le eminyakeni edlule, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula, babenePhentekoste, noMoya oNgcwele wehlela phezu kwabantu, futhi—futhi benza izinto ezinkulu. Awu manje, ungeke wafudumala ngomlilo opendiwe. Qhabo, uyoba yiqeqeba lamakhaza. Niyabo? Leyo yinto nje ependiwe, leyo yinto *eyayikhona*. Futhi uma uNkulunkulu owayenabo ngaleyonkathi engesuye Ofanayo namhlanje, khona-ke . . .

39 Njengokuphakela inyoni yakho engumzwilili ngamavithamini ukuyinika amahle, amaphiko aqinile, namathambo amahle, nenqwaba yezimpaphe, futhi uyigcine ekhejini. Akusizi kakhulu ukuyinika izimpaphe ezinhle zamaphiko uma ungeke uyivumele indize kancane. Ngakho ngicabanga ukuthi yileyondlela esifanele sifike endaweni lapho esivumela khona uMoya oNgcwele ungene futhi usebenze phakathi kwethu futhi usenzele okuthile.

40 Manje, sizofunda umzuzwana nje, umBhalo, futhi nje ngikhulume nani imizuzwana embalwa. Bese kuthi-ke cishe ngelesibili nqo . . . Ngifanele ngiye ekhaya futhi ngidle idina, bese-ke ngibuya, futhi ngelesibili nqo ngifanele ngiphinde ngibe semhlanganweni weBusiness Men ukuba ngikhulume kulentambama.

41 Manje, asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje, ngaphambi kokuba sikhuleke. Futhi ngiyamangala kulokhu ukusa, ngesizotha salomzuzwana, ukuthi uma ezinhliziyweni zethu sinomthwalo esingathanda uNkulunkulu azi ngawo, futhi ungathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, uma nje uphakamisa isandla sakho. INkosi inibusise.

42 UNkulunkulu uSomandla Onamandla onke, ONgenasiphelo, Owayekhona, ngaphambi kokuba kubekhona izwe, i-athomu, noma imolekhuli, Wahlala lapho ePhakadeni, omkhulu u NGIKHONA. SiKubonga kanjani namhlanje ukuthi Wena usenzele indlela ukuba size kuWe futhi—futhi sikwazi ukuba nengxoxiswano naWe, ngokuba kwashiwo yiNdodana yaKho—

yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu, uMsindisi wethu, "Uma nicela utho kuBaba eGameni laMi, Ngolwenza."

43 Khona-ke sicela eGameni likaJesu ukuba nje sikhulume kancane naWe, Nkosi, ngoba siyaKuthanda, futhi sifuna ukuziveza kuWe. SiyaKuthanda ngoba Wasithanda, futhi besingeke sibe lapha ukuba bekungengaWe. Khona-ke ngenkathi singena ngendlela esifike ngayo lapha, khona-ke uJesu wafika ukuzosihlenga sibuyele kuloBaba onothando.

44 Futhi sizocela kulokhu ukusa ukuthi ngokukhanya kwamandla angcwelisayo eGazi laKhe ukuthi Uzosihlanza kubo bonke ububi bethu, noma yini esiyenzile, esiyicabangile, noma esiyishilo ebiphambene naWe, futhi Baba Nkulunkulu, siyazi ukuthi lokho kungaba yizinto eziningi. Ngokuba uNkulunkulu omkhulu oNgcwele kuze kuthi ngisho neziNgelosi zibukeke zingcolile kuYe, besingama kuphi na?

45 Kodwa namhlanje sinenhlanhla yokuza ngaleya kweziNgelosi, ngoba uJesu akazange afele iziNgelosi. NeziNgelosi ziyizinceku, futhi ngeGazi likaJesu singamadodana namadodakazi. Futhi siza eBukhoneni baKho ukuba sithi, "SiyaKubonga, Baba, ngalokho Osenzele khona, Okushoyo kithi."

46 Futhi siyazi ukuthi emva kwesandla ngasinye kulokhu ukusa bekukhona isifiso esikhulu. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzopha isifiso sezinhliziyo zabo. SiyaKubonga ngalendawo lapha, lelibandla, lengxenye yoMzimba weNkosi uJesu, ngabo bonke. . .ngomelusi walo, ngabadikoni balo, abaphatheli, nawo onke amalunga afika lapha, ngabo bonke abantu obuthene ngaphansi kophahla lwayo kulokhu ukusa, lesisakhiwo; Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa ngokukhulu ngokwedlulele. Kwangathi kungaba yindlu yomkhuleko, njengoba uJesu athi, "Kulotshiwe, indlu kaBaba waMi iyakuthiwa yindlu yokukhuleka."

47 Kwangathi kusukela lapha kungahamba abefundisi baye kuzo zonke izingxenye zomhlaba. Kwangathi amathonsi amazolo omusa angaba ngokoqobo kakhulu lapha kuze kube yizinyosi ezifuna uKudla bangene lapha bevela kuzo zonke izingxenye zedolobha ukuba bathole ukuphumula kwemiphefumulo yabo, uKudla kwemiphefumulo yabo. Siphe khona, Nkosi.

48 Manje, sizocela ukubusisa lamazwi ambalwa esizowafunda, Nkosi. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobangcwelisa ukuba batshale iziMbewu ezinhliziyweni zabantu, ukuze Ikhule ibe yiziHlahla ezinkulu. Ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

49 KwabaseRoma isahluko 3, ivesi 3, ngifunda lamazwi:

*Ngokuba uma abanye bengakholwanga na? ukungakholwa kwabo kuyokwenza ize ukukholwa kukaNkulunkulu na?*

50 Ngizokhuluma kulokhu ukusa ngokuthi, okwemizuzwana embalwa nje ngokuthi *Ukungakholwa AkuMvimbeli uNkulunkulu*. Abanye bangahle bacabange ukuthi kuyakwenza, kodwa akukwenzi, uNkulunkulu unohlelo nohlelo lwaKhe, njengoba uJohane athi, "Angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe." Kunjalo. Uhlelo lwakhe luzoqhubeka ngokufanayo nje.

51 Ukungakholwa kudala njenge-Edene, yilapho okwazalelwa khona, kwakuse-Edene. Nokungakholwa kungukungabaza lokho uNkulunkulu akushilo. Manje, niqaphelile lapho ukungakholwa kwazalwa khona kwakukhona okuningi kweZwi likaNkulunkulu okwacatshangwa, ngokuba uSathane wathi ku-Eva, ngenkathi ethi, "UNkulunkulu ushilo," akakuphikanga lokho, ukuthi uNkulunkulu uthe, "*ukuthi-nokuthi*," kodwa wathi, "Ngempela uNkulunkulu ubengeke enze into enjengaleyo." Niyabo, lokho kwakungukuzalwa kokungakholwa, ukwehluka okuncanyana okukodwa eZwini likaNkulunkulu eliphelele. Sifanele sihlale naLo ngqo, kungakhathaleki ukuthi kuphi, ini, noma kanjani, izimpilo zethu nokunye nokunye kufanele kulingane no ISHO KANJE INKOSI.

52 Futhi uma singaba nanoma yisiphi isambulo, esifanele sethulwe kithi, lokho kuphambene neZwi elilotshiwe, khona-ke asifanele neze sikwemukele, ngoba yilokho impela uSathane akwenza ku-Eva. WayeneZwi, kodwa wayezingela ukuKhanya okusha, noSathane wakuqinisekisa ukuthi uyakuthola. Ngakho asifuni neze ukwengeza noma yini eZwini, noma sisuse noma yini eZwini, kodwa nje Lishiye ngendlela eLiyiyo. Hlalani neZwi ngqo, ngokuba noma yini ephambene ngukungakholwa.

53 Manje, siyazi ukuthi kulolu izinsuku zokugcina futhi sibhekile, kade si, thina bazalwane, abefundisi aba, sizama ukuphila ngokusondele kakhulu kuNkulunkulu ngakho konke esingakwenza, ngoba sinomsebenzi ongcwele wokuqaphela umhlambi kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele osenze saba ngababonisi. Sibhekisisa umhlambi ukuzigcina ngokuhlelekile, ukuziphakela uKudla kwezimvu, nezimvu zidla okuvela eBhayibhelini, amawundlu kaNkulunkulu, UJesu wathi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu," eZwini ngqo.

54 NoPawulu wathi kwabaseGalathiya 1:8, "Uma iNgelosi ingaletha noma yiliphi elinye iVangeli kuwe kunalelo eselivele linikeziwe, khona-ke mayibe ngeqalekisiweyo." Niyabo? Uqine kanjani lowomyalo, ukuthi sifanele sihlale neZwi ngqo,

singagudluki kuLo. Niyabo? Futhi u-Eva wavele wanyakaza *ngesithunzi*, "Mhlasimbe, mhlawumbe, uNkulunkulu ubeyovele angakunaki lokho."

55 Sizwa kakhulu namhlanje ngoNkulunkulu enguNkulunkulu olungileyo, futhi lokho kuqinisile, UnguNkulunkulu olungileyo, siyakukholwa lokho, kodwa futhi UnguNkulunkulu wokwahlulela. Ukuze abe muhle Uzofanele alethe ukwahlulela. Ukugcina umthetho waKhe kufanele ku—kufanele kube nenhlawulo emthethweni, kungenjalo umthetho awusebenzi. Uma kukhona u—umthetho othi ukweqa i—irobhothi elibomvu kuphambene nomthetho, khona-ke uma kungekho-nhlawulo kulowomthetho ukuba ushushiswe, khona-ke umthetho awulungile nhlobo, usungavele nje uliphathe kumbe noma yini oyifunayo, ngoba akukho-mthetho.

56 Kodwa lapho weqa leloZwi likaNkulunkulu uye esivumwenikholo esithize noma isiko, sewedlule kulowomugqa phakathi komusa nokwahlulelwa. Kunjalo. Ufanele uhlale ngqo eZwini, ngiyakuthanda lokho, kanye neZwi ngqo. "Akukho nelilodwa ichashazi eliyo, noma okunci okuyodlula. Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi aliyikwehluleka." Kuzofanele kube njalo.

57 Ukuthi besingathatha kanjani amahora lapha ukubuyela emuva futhi sisekele ukuthi lokho kanjani, ukuba besinesikhathi, ukuthi kanjani leyosayense, iminyaka eseyadlula, izame ukubhuqa yona impela imicabango kaNkulunkulu, bezenzela igama elithize elikhulu, ukuzuza okuthile ababengazenzela khona. Kodwa khona lapho besamba futhi bezama ukufakazisa ukuthi iZwi lingaphikiswa, uNkulunkulu uyajika ngqo futhi abavumele bambe into ethize ukuKufakazisa.

58 Ngakho eminyakeni embalwa edlule ngenkathi ibandla lePentecostal lizalwa, ba—bathi, "Yisigejane sobuhlanya, a—alisoze lama," bengazi ukuthi kwakungumnyakazo kaNkulunkulu. UNkulunkulu wadingeka akwenze lokho, leso yisikhathi sakho, ngunyaka wakho.

59 Njengoba ngishilo ndawondawo kungekudala komunye wemihlangano, mhlawumbe lapha, ukuthi uJohane wayeqiniseke kakhulu ukuthi kwakunguJesu, ngisho nangaphambi kokuba abone isibonakaliso sikaMesiya, lelojuba, uNkulunkulu ehla evela eZulwini ngesimo sejuba, uMoya oNgcwele uphuma eZulwini, iPhimbo lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo," yilokho ayefanele ukukubona, uBaba wamtshela ukuthi ehlane, "KuLowo oyobona uMoya . . ." Kodwa uJohane wayeqinisekile *kakhulu*.

Bambuza, bathi, "Awuyena lowoMesiya na? Awu—awu—awusuye u, lowomProfethi obezofika na? Awusikho *lokhu* na*lokho* na?"

60 Wathi, "Angisuye." Kodwa wathi, "Ukhona Omi phakathi kwenu manje." Niyabo, wayazi ukuthi isikhathi sasesisondele kakhulu kwaze kwaba lapho. . .lowo Oyedwa wayesevele ephakathi kwabantu, ngoba wayezoMethula, futhi wayazi ukuthi Wayelapho.

61 Futhi ngikholwa ukuthi yilokho iBandla elikhulu likaNkulunkulu ophilayo elikwenzile kulezizinsuku zokugcina. Kungokokuletha kubantu ukuvuma kukaNkulunkulu ophilayo phakathi kweBandla. Niyabo? Yilokho Eliphakanyiselwe khona. NaleloBandla lizobuya, hhayi esivumwenikholo, njengemfundiso engaphikiswa yamaRoma noma okuthize, Kungukubuyela eBhayibhelini, ubuyele eZwini. Akunandaba ukuthi Lithini, nje—nje sibambisane neZwi, hhayi ukusebenzisa ukucabanga kwethu uqobo, hlala neZwi, ngoba Liyisithembiso sikaNkulunkulu.

62 Manje, ukungakholwa kuyinto endala emuva le e-Edene, futhi kuqala kungena ngobuqili kakhulu, cishe impela iqiniso. Manje, uma omunye ethe, "UMfowethu Branham wenyukela eBandleni likaNkulunkulu kulokhu ukusa." Ngokuyikho. "Wahlangana nomelusi." Yebo. "Ubegqoke isudu emnyama nothayi." Yebo, yiqiniso lelo. "Wahlala phansi ngakwesokudla somelusi." Ngokuyikho. "Wasukuma futhi wakhuluma." Yebo. Futhi mhlawumbe konke okwalokho kuqinisile, konke nokunci kwakho. Khona-ke bayothi, "Ngaphambi nje, lapho efika emnyango, lapho efika emnyango lapho, wakhipha isiphuzo ebhodleleni." Manje, nanko amanga, kodwa konke okunye kwakho kuyiqiniso *kakhulu*, niyabo, konke okunye kwakho kuyiqiniso ngokuphelele *kakhulu*, kuze kuthi leyonto eyodwa encane ithandele yonke into futhi iyenze ibe ngamanga.

63 Awu, yileyondlela udeveli enza ngayo. Usehlisela kuyo yonke into, futhi ukukhombisa kuthandeka kakhulu, futhi uzongena futhi avumelane nokuningi kweZwi likaNkulunkulu, kodwa angeke alithathe lonke iZwi likaNkulunkulu, futhi yilokho esifanele sikwenze. Uyothi, "Ngiyakholwa ukuthi kukhona into okuthiwa ukuzalwa okusha, kodwa engicabanga ukuthi kuyikho, ngukuguquka komqondo."

64 Kodwa akusikho ukuguquka komqondo, yisidalwa esisha. Akusikho. . .I—ibandla alikudingi u—ukulungiswa kwengaphambi, lidinga ukuphenduka, lidinga ukuba yisidalwa esisha. Nokungakholwa kuzokufuqela ngale eceleni. Abaningi babo bathi, "Awu, manje, ngikholwa ukuthi. . .Siyakholelwa kuMoya oNgcwele endaweni yethu, kodwa siyakholwa ukuthi lapho sikholwa uNkulunkulu, semukela uMoya oNgcwele." Manje, niyabona ukuthi lokho kusondele kangakanani na?

65 Ukuba-ke abafundi, emva kwezinsuku eziyisithupha uMathewu wathi ku—ku-Andreya, "Uyazi ukuthini? Ngikholwa ukuthi sesivele sinaWo. AsiWemukele ngokukholwa"? Niyabo?

Kwakungeke neze kwenzeke. Niyabo? Indlela kuphela abazi ngayo ukuthi Uyoba kanjani lapho Ufika, babenemiBhalo ukufakazisa ukuthi Uyoba yini lapho Ufika. Kunjalo.

66 UJoweli wathi, "Kuyokwenzeka," uJoweli 2:28, "kuyokwenzeka, izinsuku zokugcina Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama; namadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha. Phezu kwezinceku nezincekukazi zaMi eziyizisebenzi Ngiyakuthulula uMoya waMi. Futhi Ngiyakuveza izibonakaliso emazulwini nasemhlabeni," kanjalonjalo.

67 U-Isaya 28:18 wathi, "Futhi kuyakuthi ngalezizinsuku zokugcina, ukuthi amatafula ayogcwala ubuhlanzo," kanjalonjalo, wathi, kodwa iZwi laliyofika, "Isiyalezelo phezu kwesiyalezelo; umudwa phezu komudwa phezu komudwa; lapha ingcosana nalapho ingcosana. Futhi bambelelani kulokho okuhle. Ngokuba ngezilimi ezingingizayo nezinye izilimi Ngiyakukhuluma kulababantu. Futhi lokhu kungukuphumula, lokhu kungukugcinwa kwesabatha enifanele ningene kukho. Kukho konke lokhu, abakuqondanga, basuka bahamba, benikina amakhanda abo," kanjalonjalo. Ngakho niyabo, labobafundi babeqeqeshelwe iZwi.

Futhi siyazi ukuthi ngalolu izinsuku zokugcina lokho okuzothatha lokhu—lokhu . . . Ngabe ngi . . . ? Ngi . . . Ngethemba ukuthi angenzi lutho olungalungile.

68 Ngezinsuku zokugcina okuzokubiza ukukumela yiBandla eliqeqeshwe ngokomBhalo, emgqeni, ngokuba kuzobakhona ukulingisa kwenyama okuvukayo, iBhayibheli lathi, "NjengoJambre noJane bamelana noMose, kanjalo nalamadoda anengqondo yokunganaki mayelana neQiniso." NoJesu wayeyiQiniso, "IZwi laKho liyiQiniso," ngoba, "Ku, ukuqala wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. NeZwi likaNkulunkulu linamandla kakhulu kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika kuze kwehlukaniswe ithambo, nomaHluleli wemicabango yenhliziyo."

69 Siyaqonda ukuthi sikulolosuku lapho noma yini engabukeka iyiyo ngempela *kakhulu*, kodwa nokho, uma kuphambene nomBhalo, kuyeke kanjalo. Akunandaba ukuthi hlobo luni lomuzwa, noma yimiphi imiphumela oyitholayo kuwo, uma kungesiwo umBhalo deda kukho. Hlala neZwi ngqo. Ya.

70 "Awu," wena uthi, "lokho yi . . . Uthola abantu, ukungakholwa." Qhabo, ngizama ukubayisa ekukholweni. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa." Ukuzwa isivumokholo na? Lokho kungahle kube ku-Almanaki, kodwa lokho akusilo iBhayibheli. Niyabo? "Ukuzwa iZwi likaNkulunkulu," yilokho okuletha ukukholwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu, lokho kuletha ukukholwa.

71 Manje, sekusele cishe imizuzu eyishumi nambili ngaphezulu, ngi. . .Manje, ngi—ngihamba kancane kakhulu futhi. Ukungakholwa akumbhubhisi uNkulunkulu, akulibhubhisi icebo laKhe, akuyibhubhisi imisebenzi yaKhe, kubhubhisa kuphela ongakholwayo, ukungakholwa kuphela kubhubhisa ongakholwayo.

72 Omunye wathi kimi esikhathini esingeside esedlule, umelusi, wathi, wayengowethize, inhlangano enhle, futhi wathi, "Sinikeza noma ubani inkulungwane yamadola, ukheshi, ongaveza," ngaphambi nje kokusakaza kwami, "angaveza ikhambi elilodwa ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi sizoyikhokha." Futhi wayazi ukuthi ngangiza emva kwakhe eJonesboro, e-Arkansas.

73 Futhi ngaqhubeka nokusakaza kwami, futhi masinya emva kokusakaza, Ngahamba futhi ngathola umelaphi wedolobha, endodeni eyayinomdlavuza entanyeni yayo, futhi ngenkathi ngisayikhulekela kwaqathaka entanyeni yakhe, futhi kwagingqikela kwiphansi, amaphephandaba akubhala.

74 Ngakho ngabuza udokotela, udokotela wakhe, owayengumngane kuye, ngase ngithi, "Dokotela," Ngangikhulume naye izikhathi eziningi, lona kwakungomunye umhlangano emva kokuba lokho sekwenzekile, Ngathi, "uyalukhumbula udaba na?"

Wathi, "Awu."

"Unganikela nganoma yini, noma iyiphi isayensi yezokwelapha, engenza lokho na?"

Wathi, "Qhabo, Mnumzane, angeke."

"Khona-ke Kuyofanele kube yiNto ethize engaphezu kwemvelo yokukwenza."

Wathi, "Kunjalo."

Ngathi, "Ngizokukhokhela ngesikhathi sakho." Ngangifuna ukuqoqa inkulungwane yamadola ngenzela ubuthunywa benkolo.

75 Kodwa ngenkathi ngifika endlini yokufundela yomelusi, akazange angibone, futhi wathi. . .Ngathi, "Ngikuzwile ukusakaza kwakho ukuthi uzonikeza inkulungwane yamadola kunoma ubani obengaveza ubufakazi bokuphulukisa ngokukaNkulunkulu."

"Yebo."

76 Ngathi, "Ngi. . .Ungakwenza, ungahle ungenzele isheke, uma uthanda." Ngathi, "Nansi indoda, *nangu* udokotela wayo." Bese-ke uthola ukuthi inkulungwane yamadola yayingale ndawondawo eTexas, nento efana naleyo.

Wathi, "Ake ngikubone...Ngizoletha intombazanyana phakathi lapha futhi ngivumele nginqume isandla sayo, futhi angikubone ukuphulukisa, khona-ke ngizokholwa."

Ngathi, "Unesidingo esibi sokuphulukiswa kwengqondo." Yebo, mnumzane. Impela, noma ubani asike isandla somntwana!

77 Lowo yilowodeveli omdala ofanayo, wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ngani, ake...senzele isimangaliso lapha phambi kwethu. Ma—ma—masibone *la*matshe ephenduka abe yisinkwa." Niyabo? "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni, si—sizokukholwa."

78 Wayengakwenza, kodwa Wayeyobe elalele udeveli, Wathi, "Angenzi lutho aze uBaba aNgikhombise." Niyabo? Kunjalo. "Ngenza lokho ANgitshela ukuba ngikwenze."

79 Ngakho niyabo, uma lokhu kuthonya okuningi kukhuphuka futhi kuzame ukunitshela *lokhu*, *lokho*, no*kunye*, futhi, ungakukholwa; YiZwi likaNkulunkulu.

80 Lomfundisi wathi kimi, wathi, "Anginandaba," ngenkathi ngisuka egosini lakhe, "zingaki izinto obungaziveza, namanje angikukholwa."

81 Ngathi, "Impela qha, ungongakholwayo. ALithunyelwanga kwabangakholwayo, Mnumzane, Lathunyelwa kuphela kwabakholwayo, yilabo kuphela abayoke baKubone."

82 "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona," ongakholwayo, "kepha nina niyakuNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, kuze kube sekuphelelisweni," ukuphela kwesikhathi. "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade." Uma Ephila, Angeke aveze into efanayo na? Kungeke yini ukuPhila kwaKhe kuveze njengoba Kwenza, uma Kuphila kuwe na?

83 Manje, kubhubhisa nje ongakholwayo. Futhi kwenza lokho nje ngezinsuku zikaNowa. UNowa wayengumshumayeli wokulunga owezwa iZwi leNkosi, walungisa umkhumbi wokusindisa abendlu yakhe. Futhi wenzani ngenkathi esalungisa lomkhumbi na? Washumayela kwabangakholwayo. Manje, uNowa wayeyindida egxekayo phezulu kulabo abangakholwayo, kodwa into kuphela ukungakholwa kwabo okwayenzayo kwakungukuletha ukwahlulela emhlabeni.

84 Futhi khona impela ukwahlulela okwabhubhisa ongakholwayo kwakuyiyona ndlela kuphela yokusindisa uNowa. Wona impela amanzi okwahlulela abhubhisa ongakholwayo kwakuyinto eyantantisa umkhumbi kaNowa. Amen. Niyabo? Ngakho nje kubhubhisa ongakholwayo. Akuhlangene ngalutho noNkulunkulu, akuMmisi, Uqhubeka ngokufanayo nje. Yebo, mnumzane.

85 Manje, ukukholwa, ukukholwa kuyinhlekisa kuwo wonke umuntu ngaphandle kukaNkulunkulu nalowo onakho.

Manje, akusiyo inhlekisa kuNkulunkulu, ngoba UnguMqalisi wokukholwa, futhi akusiyo inhlekisa endodeni enokukholwa, ngoba iyikholwa kuNkulunkulu, ngakho akusiyo inhlekisa kuyo. UNkulunkulu unguMqalisi wakho, Wakudala, futhi umuntu owakwemukela kuNkulunkulu . . .

86 Kusobala aku—akusiyo inhlekisa kuNkulunkulu, ngoba Wakudala, Uyazi ukuthi kuyini, nekholwa elikwemukelayo, akusiyo inhlekisa kulo ngoba ngalokho kuyiqiniso ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto angaziboni, azinambithe, azithinte, azihogele, noma azizwe, kodwa uyazi ukuthi kulapho. Akusiyo inhlekisa kuye ngoba kuhle nje njengoba sekwenziwe, akadingi ukukhathazeka ngalutho ngakho, uyazi ukuthi uNkulunkulu wakusho, noNkulunkulu wakusho, lokho kwenele kuye.

87 Kulungile, ngakho sifuna ukuba nokukholwa, uNkulunkulu ufuna sibe nokukholwa. Nokungakholwa akuyikubhubhisa amacebo aKhe, akuyikwenza lutho kuwo, Uyoqhubeka ngqo ngokufanayo nje. Ngingathanda ukubona umuntu othize athathe ukungakholwa kwabo futhi amise ilanga. "Awu," wena uthi, "okwakho ukukh-. . . " O, yebo, kwakwenza, UJoshuwa wakwenza. Ukukholwa kuzokwenza, kodwa ukungakholwa kwakho akuyikufika ndawo. Kunjalo.

88 Qhabo. Ubona ifu lenyuka, futhi ubone ukuthi *ukungakholwa* kwakho ukuthi alizukuna, ubone ukuthi alini yini ngokufanayo nje. "Awu," wena uthi, "kungasiza na?" O, yebo, ukukholwa kuzokwenza. Niyabo, ukungakholwa akunanani kukho nhlobo.

89 U—ulawulwa yizinto ezimbili, kuphakathi kokuthi uyakholwa, noma awukholwa. Manje, ake sithathe ukungakholwa futhi sibone ukuthi kwenzani. Kudala ukukhathazeka, futhi kuletha izincindezelo, futhi akukwazi ukukusiza nhlobo, akukho-nani ekungakholweni nhlobo.

90 Uma wena, uthi, uma ubuzodutshulwa ekuseni ekuphumeni kwelanga, bekungeke—bekungeke kukusize ngalutho ukuba ukhathazeke ngakho, nakancane, bekuyovele nje kukwenze kube kubi kakhulu kuwe. Ngakho u—ungeke wakwenza lokho, akukuhle ukukwenza.

91 "Awu," wena uthi, "kwenzani ukukholwa na?" Ku. . . "Lenzani iZwi likaNkulunkulu na?" Lidala ukukholwa. "Awu, ukukholwa bekungenzani uma ubuzodutshulwa ekuseni na?" Bekungangikhulula, kukwenzile izikhathi eziningi. Impela. Niyabo? Akukho nani ekungakholweni, yonke inzuzo ekhona, isekukholweni, ukukholwa iZwi likaNkulunkulu, ukuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe.

92 Manje, lapha esikhathini esithize esedlule, ngaphambi kokuba bagxeke iSifanekiso seNkululeko, isipho esivela eFransi siya e-United States, manje sekulahliwe ngiyaqonda, ukuthi

ungeke ukhuphukele kuso, Ngaba nenhlanhla yokungena kuso kanye. Futhi ngenyukela engalweni ye—yesithombe esibazwe ngetshe, kwase kuthi-ke, phandle lapho saphumela endaweni encane, umholi nami, futhi kwakukhona i—iwindi, futhi ngangibuka ngapesheya futhi ngicabanga ngomzala wami ngenkathi efika ekhaya evela empini, phandle lapho bonke beshayiwe futhi badutshulwa.

93 Kodwa ngenkathi umkhumbi wawungena ngasogwini, wathi, "Billy, ba—ba—bagingqa izihlalo ezinamasondo na—nabasohlakeni ngaphezulu, lapho sasingabona kude le ebangeni," eMpini yoMhlaba yokuqala. Lokho kwakungaphambi kokuba izakhiwo ezinkulu zingene eNew York ezinkulu kakhulu okwamanje, futhi babekwazi ukubona lesoSifanekiso seNkululeko sikhuphuka siphuma emanzini. Wathi baqala ukudlala, "Izwe lami ngelakho, izwe elimnandi lenkululeko." Omakadebona abadala, besikekile, behuzukule, bedutshuliwe, bekhubazekile, ngenkathi bebone lesosithombe esiqoshiwe siphakama emanzini *kanjalo*, bathi bavele bawa phansi, baqala ukumemeza. Kungani na? Khona emva kwalokho, umama walinda, isithandwa salinda, unkosikazi walinda, izingane zalinda.

94 Ngacabanga, "Uma bekungenza isosha lizizwe kanjalo, ngeke kube yini lapho sibona isiphambano esidala esimahhadlahhadla silenga ngaleya na? Umakadebona edonsa ephuma emisikweni nemihuzuko yasenkundleni yempi!" O, ngifuna ukuma endaweni eyisicaba yomkhumbi oMdala waseSiyoni futhi ngiphakamise izandla zami bese ngithi, "Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka!" Noma, "O, ngimthanda kanjani uJesu."

95 Ngangibuka phandle ngalelofasitela futhi ngicabanga ngalokho, futhi ngaqaphela ukuthi okulele phansi *lapha* eceleni kwakuyisigejane semizwilili emincane efile, futhi yayibukeka sengathi yayisanda kubulawa nje, ngase ngithi kumphelekezeli, ngathi, "Leyomizwilili, ingabe niyifake ushevu na?"

Wathi, "Qhabo, qhabo, asiyifakanga ushevu."

Ngathi, "Awu, kungani ilele ifile ngasefasiteleni nje lapha na?"

Wathi, "Yashaya yakhipha ubuchopho bayo efasiteleni."

Futhi ngathi, "Kwafika kanjani lokho na?"

96 Wathi, "Ebusuku bakuthangi kube nesiphepho." Futhi wathi, "Ngenkathi isiphepho sasivunguza, nemimoya ishwibeka, nezihlahla zizamazama, nombani ubaneka," wathi, "lezozinyoni ezincane, zizama ukuthola umpheme," wathi, "zangena ekukhanyeni kwalesisibani," wayesethi-ke, "futhi ukuba nje zazisebenzise ukukhanya ukuthola ukuphepha, beziyophepha, kodwa ezazama ukukwenza kwakungukundiza phezulu futhi zishaye ukukhanya kucime, futhi kwaziphuphuthekisa kuphela,

futhi zashaya ubuchopho bazo obuncane baphuma, futhi zilele zifile."

97 Angizange ngisho lutho ngalesosikhathi, kodwa ngacabanga, "Kuyiqiniso kangakanani! Abangakholwayo, esikhundleni sokuzama ukuthatha iSibani sokuKhanya," iZwi likaNkulunkulu lingukuKhanya, "uzama ukuthatha leso Sibani futhi uye ekuphepheni ngaSo uye kuKristu, bashaya bakhiphe ubuchopho babo, bafele esonweni nasehlazweni bezama ukushaya bakhiphe ukuKhanya, lapho bekungeke kwenzeke nhlobo." Ngeke kwabakhona abaphikinkolo abenele abavukayo, odeveli abenele baphume esihogweni ukuba bake bashaye lokho kuKhanya kwezwe kuphume. "NgingukuKhanya kwezwe." Abasoze baKushaya bakucime.

98 Ngakho yinye kuphela into ofanele uyenze, lapho Kukhanya endleleni yakho yezinyawo, Kulandele. "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, alungileyo bagijimela kuWo futhi baphephile. Uma nihlala kiMi," eMbhoshongweni, "AmaZwi aMi ehlala kini, khona-ke ningacela enikuthandayo, futhi niyakwenzelwa khona."

99 Izikhathi eziningi bengithathwa ngokuthi . . . Manje, nje ngi, ngisho njengoba bengingenza etabernakele lami, Bengingeke ngiphinde ngizizwe ngisekhaya, etabernakele. "Mfowethu Branham, zenzeka kanjani lezizinto na? Kwenzekani ku*lokhu*, nokuthi lokhu kwenzeka *kanjani* na?" Kungukuhlala nje kuJesu, ukholwa iZwi laKhe. Wethembisa ukukwenza, futhi Uzokwenza.

100 Manje, ngifanele ngiphuthume. Kulungile. UJesu wafika ezweni . . . Cishe okunye ukuphawula okukodwa nje. NginemiBhalo cishe engamashumi amahlanu ebhalwe lapha kulokhu, ngakho, kodwa ngi—nginemiBhalo ethize nje, futhi ngingabuka phansi lapha futhi ngibhekisele kuyo.

101 Manje, uJesu, ngenkathi Efika ezweni, Wafika ngesikhathi sokungakholwa okukhulu. Kunjalo. Wafika ngendlela yokuthi kwabangela ongakholwayo ukuba angakholwa kakhulu. UNkulunkulu udonsa nje i . . . UnguBaba omangalisayo. Waletha ngqo ngesikhathi, futhi waMnika i, njengoba abantu babecabanga, umntwana wesihlahla, futhi akazange aMthumele kunoma yiziphi izikole, kanjalonjalo. Futhi Wayewuhlobo oluyinqaba loMfana, kodwa nokho kwakukhona okuthize ngaYe okwakubonakala kungukuthi Lokho Akusho kwakuyiQiniso, Lokho Akukhuluma, Kwakunjalo.

102 Futhi Akazange azithathele udumo Yena uqobo, kodwa wazihlanganisa Yena uqobo noNkulunkulu, "AkuMina owenza imisebenzi," Washo. "Nizisho ukuthi uNkulunkulu unguBaba wenu, futhi nithi Unguye, khona-ke aniNgikholwa na? Uma ningenakuNgikholwa, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo, iyizincwadi zaMi ezichazayo, yiyo efakaza ngaMi. Yiyo

ekhulumayo noma ngabe kuyiqiniso noma qha. Fundani imiBhalo, ukuthi uMesiya wayezokwenzani, hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi." Ngakho WayeyiZwi likaNkulunkulu eliphilayo, "YiYo efakaza ngaMi," imiBhalo.

103 Ukungakholwa akuzange kuMmise, Waqhubeka nje ngqo ehamba. Waphulukisa abagulayo, wavusa abafileyo, wahlanza abanochoko, waqhubeka ngqo, futhi ngenkathi bengakholwa ukuthi izinto ezinjalo bezingenzeka, nokungakholwa kwabo akuzange kummise nhlobo uJesu, Waqhubeka ngqo enza lokho nje Ayefanele akwenze, akuzange kuMkhathaze nakancane.

104 Manje, kuzofanele kube nabangakholwayo, uNkulunkulu wakubikezela lokho. Futhi kuzoba nabangakholwayo abayishumi ekholweni elilodwa, ngaphezu kwalokho, mhlawumbe inkulungwane koyedwa, ngoba iBandla lisengcosaneni ngesibalo, "Ungesabi, mhlambi *omncane*; kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso." Ngakho ungabheki into ethize *enkulukazi*, udeveli njalo ulandela into ethize *enkulu*, kodwa uNkulunkulu uzenza Yena uqobo abe mncane. UNkulunkulu, iNgane emkhombeni, uJehova ekhala. Ungathini nje na? UJehova edlala njengoMfana oyibhungu. WayenguNkulunkulu, uNkulunkulu wayekuYe. Kunjalo. Ufikela ukuzwakalisa uNkulunkulu. UNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo.

105 Ngakho bukani nje i, lokho uKayafase ayengakubizela ndawonye, lokho okubize umkhankaso omkhulu. Ngesinye isikhathi abelusi abanjengalona, bebandla eliwusayizi ojwayelekile, ngezinye izikhathi mhlawumbe bathola umqondo wokuthi "Ngenxa yokuthi angiphumile njengoBilly Graham, noma u-Oral Roberts, noma into efana naleyo, mhlawumbe uNkulunkulu akangithandi nami." Lalelani, ningalokothi nikukholwe lokho.

106 Eminye yemihlangano enamandla kakhulu engake ngaba nayo kwakusemabandleni amancane, ngesinye isikhathi abayisikhombisa noma abayisishiyagalombili bethu ekhaya ndawondawo, sikhuleka. Niyabo, uNkulunkulu wethembisa ukubuthana, akunandaba ukuthi ibandla lalilincane kangakanani, Wethembisa ukubuthana nathi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyoba phakathi kwabo."

107 Kulungile, ukuma, ngisho lokhu: Ukungakholwa akummisi uNkulunkulu, akulumisi uhlelo lwaKhe, akuwumisi umnyakazo waKhe, akumisi lutho kodwa ongakholwayo. Kummisa esonweni sakhe, futhi nango, emi ezibuka yena.

108 Namhlanje bathi ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele, kodwa lokho akuWumisi, abantu baqhubeka ngqo nokuWuthola ngokufanayo nje. Bathi akukho-kuphulukisa

ngokukaNkulunkulu, kodwa baqhubeka ngqo bethola ukuphulukiswa ngokufanayo nje. Bathi akukho-kujabula, abantu baqhubeka ngqo bememeza ngokufanayo nje.

109 "Ayikho into enjengalombhaphathizo kaMoya oNgcwele nina maPentecostal enikhuluma ngawo." Kodwa abantu bagcwaliswe ngaWo nsuku zonke. Bangahle bangakwazi ukuWuchaza, kodwa bayazi ukuthi banaWo, leyo yinto esemqoka. Ngakho ukungakholwa akummisi uNkulunkulu, siyazi sinaWo, ngijabula kakhulu ukuzihlanganisa nabantu abanaWo.

Asikhuleke. NiyaMthanda na? Phakamisa isandla sakho.

110 Baba wethu waseZulwini, sijabula kakhulu kulokhu ukusa ukwazi ukuthi ayikho indlela yokuchaza uNkulunkulu. Singeke ngokwesayense simehlise uNkulunkulu. UMose wayengeke athathe amaqabunga esihlahleni ehlele endlini yokucwaningela yesayense ukuthola ukuthi hlobo luni lwesifutho olwalufakwe kulawomaqabunga, ukuthi awazange ashe, akazamanga ukukwenza, wavele wahlala phansi futhi wakhuluma naWo.

111 O Nkulunkulu, yipha ukuthi laba abampofu, imiphefumulo ethobekile ePhoenix, ezulazula yehla yenyuka kulemigwaqo, noma, ehambahambayo, njalo, yehla yenyuka kulemigwaqo, kubonakala sengathi akukho-ndawo abangaya kuyo, akukho okungenziwa, kwangathi bangezwa iPhimbo likaNkulunkulu kulelitabernakele, nabanye edolobheni, futhi babone uMlilo kaNkulunkulu phezu kwabantu, babone abantu, ukuthi baziphatha kanjani emva kokuba sebeWemukele, izimpilo zabo ziyisihlahla esivuthayo.

112 Kwangathi bangezame ukubona ngokwesayense ukuthi kumayelana nani, kodwa kwangathi nje bangangena endlini yesonto futhi bahlale phansi, bakhulume kuWo. Ngineqiniso bazothola, njengoMose, ukuthi Wathi, "NGINGUYE ENGINGUYE." NGINGUYE ongaqalanga neze noma ongapheli neze, Wayehlala njalo futhi uyohlala enjalo.

113 Siyakholwa kuWe, Nkulunkulu, futhi sikhulekela ukuthi Uzokwandisa ukukholwa kwethu, ukuthi umusa omkhulu kaNkulunkulu uzoqhubeka ube nathi. Busisa lababantu phakathi lapha kulokhu ukusa, futhi ungcwelise i—ikholwa ngendlela yokuthi onke amandla amakhulu kaNkulunkulu angadedelwa ezimpilweni zabo, ukuthi bazoba yizincwadi eziphilayo, ezifundwa ngabantu bonke, neZwi likaNkulunkulu lingaphila ezinhliziyweni nasezimpilweni zabo. Busisa umfowethu onomusa nothandekayo lapha, umelusi, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomnika isifiso senhliziyo yakhe, kuye nabathandekayo bakhe, nasebandleni lakhe. Siphe khona, Nkosi.

114 Sithethelele amaphutha ethu futhi ubeke ngokwesimo imiphefumulo yethu ngokugcwaliswa okuzayo kukaMoya,

njengoba sikholwa ukuthi lokho kuzofika masinya, ngoba isitha sesiqale ukungena njengozamcolo, futhi bathi bayovusa i . . . uMoya kaNkulunkulu uyophakamisa ibhanela ukumelana nakho. Sibuka kulezizinsuku zokugcina, njengoba sizwakalisile, lapho intombi elele iqala ukukhalela amaFutha, khona-ke siyazi ukuthi isikhathi sesiseduze. Ngakho, Nkosi, sithatha uhlu lokuqukethwe khona manje: Ngabe singamakholwa na? Ngabe siyalikholwa iZwi eligcwele na? Gcwalisa izibani zethu zigcwale kakhulu ukuthi sizonikeza ukuKhanya ebumnyameni.

115 Busisa umbuthano kulentambama emhlanganweni weBusiness Men's Fellowship, Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosindisa imiphefumulo eminingi kulentambama. Futhi, Baba Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobuyela kulelisonto, lapha kulobubusuku, nabantu, nezinye izindawo kulo lonke idolobha lapho abantu behlangana khona. Siphe khona, Baba.

116 Futhi ngolunye usuku siyethemba ukuthi siyokwenza, lapho lamazwi ashiwo kulokhu ukusa, naleteyipu idlalwa ngaleya, ndawondawo ezibhakabhakeni ezinkulu zikaNkulunkulu, ukuthi sonke sizoba lapho singenabala noma umbimbi, ekwethembeni ekufanelekeni kukaJesu yedwa. Siphe khona. EGameni laKhe, siyakucela. Amen.

117 UNkulunkulu anibusise. NiyaMthanda na? Ngithanda ukuba nenze okuthile kimi ngaphambi nje kokuba ngiphendulele inkonzo kumelusi, Ngiyazi ukuthi sekungeleshumi nambili nqo, futhi sekuyisikhathi sokuba sihambe, yena, ngicabanga ukuthi unenye into abefuna ukuyenza, noma ayisho, kodwa ngaphambi nje kokuba ngihambe ukuba ngiyolungiselela lona omunye umhlangano ozayo, ngingathanda ukuba nina, ningenzele umusa.

118 Lelikhwaya elincane, manje ngifuna ukukuphawula, Mnumzane, ngekhwaya ebukeka kahle, ehlanzekile, egeziwe. Ningacabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa uma ngihlanya, ngisaqinisile eZwini. Asicule ngazo zonke izinhliziyo zethu, *Ng'yaMthanda*. Udade ongumshayi wopiyano, ungahamba, ufike lapho na? "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda ngoba Wang'thanda kuqala." Ngiyakuthanda nje lokho, anikuthandi na?

119 O, ngingowaseKentucky. Ngabe bakhona abaseKentucky phakathi lapha na? Awu, ayibusiswe inhliziyo yakho. Mm! Akumangalisi i-Arizona ihamba kahle kangaka. O, kuyamangalisa! Mfowethu Ed Hooper, ngicabange ukuthi ngibonile, o, uthe ukuqhela kancanyana enhla eKentucky, Bengicabanga ngaye engowaseKentucky futhi, kodwa ngikholwa ukuthi uvela enhla ngaseCarolina, ndawondawo enhla lapho, ngikhumbula kahle kakhulu.

120 Kulungile, nonke, kusukela ekujuleni kwenhliziyo yenu manje, nonke ndawonye manje, indlela esilicula ngayo ezansi egatsheni, niyazi, ezimpambukweni zomfudlana, manje wonke umuntu, wonke umuntu manje.

> Ng'yaMthanda...(O, lokho kuzwakala kumnandi kanjani!)
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

121 Lokho kuhle na? Niyazi, ngangivame ukuba nomshumayeli omdala ofika ezongibona. Ngi...Wayeshumayela kancanyana, bese egijima ebuyela emuva bese engixhawula, athi, "Udumo kuNkulunkulu," bese-ke egijima aphume, ashumayele kakhudlwana, uMfowethu Ryan omdala. Futhi ngangivame ukucabanga...Ngolunye usuku ngathi, "Mfowethu Ryan, ngifuna ukukubuza okuthize. Kungani, ugijimela emuva futhi ungixhawule ngaso sonke isikhathi na?"

122 Wathi, "Ibhethri lami—lami liyancipha, ngidinga ukugcwaliswa okuncane," washo. Ngakho lokhu kuyangigcwalisa okwalentambama, niyabo. Asilicule siphakamise izandla zethu:

> Ng'yaMthanda, ngi...(Lokho kuhle.)
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso (Kulungile, Mfowethu, Melusi.)
> Emthini waseKalvari.

123 Bangaki othanda ukuxhawulana na? Niyakuthanda lokho na? O, mina, niyazi, ngangivame ukuba yiBaptisti, kodwa ngangiwuhlobo lweBaptisti exhawulanayo, kodwa lokho akuzange kube lapho okwavela khona; Ngithanda ukuxhawulana kahle.

124 Esikhathini esithile esedlule, umkami akanami kulokhu ukusa, noDadewethu Sothmann, niyazi, ungamtsheli, uyabo, Ngaya ezansi nedolobha naye. Ngiyakuthanda lokhu kuxhawulana okuhle kwemfashini endala, niyazi. Ngi—ngehlela ezansi nedolobha, ne—nenenekazi lathi, "Halo, Dadewethu Branham."

Futhi angimuzwanga esho noma yini, ngathi, "S'thandwa, lelo—lelo—lelonenekazi likhulume nawe."

Wathi, "Ngikhulume nalo."

"Awu," ngathi, "Ngiqinisekile ukuthi alikuzwanga, angikuzwanga, ngibeka *lokhu* eduze kwakho."

Wathi, "O, ngimamathekile."

Ngathi, "Manje, ukusineka okuncane, okuwubuwula!" Ngi—ngi—ngithanda—ngithanda ukuxhawulana ngempela, aninjalo na? Anikuthandi lokho na?

125 Esikhathini esithile esedlule, ezansi le, e, lokhu kubi kabi, Melusi, ungixolele, ezansi le, ngangi, ngehlela eFlorida. Sasinomhlangano, futhi sasinethende elikhulu phandle lapho cishe, o, izinkulungwane eziningi zabantu zazibuthanele ukuphulukiswa, futhi, niyazi, izinkonzo zokuphulukisa, niyazi ukuthi zinjani, zidonsa futhi zisonteka, futhi kwakukhona omunye wabafowethu oza kimi, wathi, "IDuchess ifuna ukukubona."

Ngathi, "*Ini*?" Ngangingazi ukuthi umfowethu wayekhuluma ngani.

Wathi, "IDuchess."

126 Ngathi, "Yini ama*Duchess* na?" Ngicabange ukuthi kungahle kube yiDashi, njengoba bebiza iDashi eliLahlekile phezulu lapha, ndawondawo. Kungenzeka ukuthi wayeyiDashi elilahlekile futhi, niyazi. Ngakho ngathi, "Angiqondi."

Wathi, "Ngani, ngo—ngowesifazane ongumnikazi wayo yonke lempahla ngapha."

Futhi ngathi, "Awu, buka, kukhona abantu abagulayo cishe abayizinkulungwane ezinhlanu phandle lapho abazama ukungena, futhi."

"O," wathi, "kodwa lona yiDuchess, ufanele umbone."

Futhi mina, o, ngathi, "Akangaphezu kwanoma ubani omunye, ingabe unjalo na? Niyabo, uyisidalwa esingumuntu nje."

Futhi wathi, "Njengoba uphuma udabula ethendeni lapha, uzoba lapho."

127 Ngase ngimbuka. Uyenyuka (Manje, ngi. . .ngicela ningacabangi ukuthi lokhu kungukuthuka okungcwele, Ngiyethemba akuzwakali ngaleyondlela.), kodwa wayenepheya lezibuko endukwini. Manje, uyazi ukuthi awuzukubuka ngenduku iphume *kanjalo* futhi ubone noma yini, wayenezibuko othini, *kanje*.

Futhi wathi, "Ingabe wena *UnguDokotela* Branham na?"

Futhi ngathi, "Qhabo, Memu. Qhabo, qhabo, qhabo, qhabo." Ngathi, "NginguMfowethu Branham."

Wathi, "Ngi*thathekile*."

128 Futhi wabamba lesosandla phandle lapho sinegolide elenele kuso ukuthumela ishumi nambili lezithunywa zenkolo emhlabeni jikelele izikhathi eziyishumi. Futhi waphakamisa isandla sakhe phezulu, *kanje*. Manje, leyo akusiyo indlela yokuthola ukuxhawulana, ngaluleka phezulu ngase ngibamba lesosandla esikhulu esikhuluphele ngase ngisithola, ngathi, "Sehlisele lapha, ukuze ngizokwazi uma sengikubona futhi."

129 Ngiyakuthanda ukuxhawulana okuhle okudala, aninjalo na? Asinikezane lokho, sisacula *Ng'yaMthanda* futhi. Wonke umuntu manje:

Ng'yaMthanda . . . (UNkulunkulu akubusise, Mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.)
. . . ngithanda kuqala (Kunjalo.)
Wang'thengel'insindiso
KowaseKalvari . . .

130 Ngize nginibone futhi, uNkulunkulu anibusise. Manje asiphakamisele izandla zethu kuYe.

Ng'yaMthanda . . . (Mfowethu, Melusi . . . ? . . . )

